# Wayesefika uJesu EseBiza

UJohane oNgcwele, isahluko 11, siqale ngevesi 18, ngifisa ukufunda.

*Manje iBethani laliseduze neJerusalema, kungabangamastadiyu ayishumi nanhlanu:*

*Abaningi kubaJuda babefikile koMarta noMariya, ukuba babaduduze ngomnewabo.*

*Ngakho uMarta esezwe ukuthi uJesu uyeza, waya ukumhlangabeza: kepha uMariya wahlala endlini.*

*Wayesethi uMarta kuJesu, Nkosi, uma ubukhona, umnewethu nga engafanga.*

*Kepha ngiyazi nakalokhu, ukuthi nokuba yini ongakucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzakukunika khona.*

*UJesu wathi kuye, Umnewenu uzakuphila.*

*UMarta wathi kuye, Ngiyazi ukuthi uyakuvuka ekuvukeni ngosuku lokugcina.*

*UJesu wathi kuye, Mina ngingukuvuka nokuphila: okholwa yimi noma efile wophila:*

*Nalowo ophila akholwe yimi akasoze afa naphakade. Uyakholwa yilokhu na?*

*Wathi kuye, Yebo, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi wena unguKristu iNdodana kaNkulunkulu, ebizakuza ezweni.* (Futhi bhekisisani lokho!)

*Eseshilo kanjalo, wamuka, wabiza uMariya udadewabo ngasese, wathi, UMfundisi ukhona, uyakubiza.*

2 Asikhuleke. Baba waseZulwini, qinisa lawomaZwi ezinhliziyweni zethu, kulobubusuku, njengoba silinda kuWe manje. IZwi laKho, inceku yaKho, nendikimba, konke kunikelwa kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

3 Inhloso yami yokuba lapha ngukuzama ukusiza abantu bakaNkulunkulu. Hhayi kakhulu kangako njengokukhuleka, nokubeka izandla phezu kwabo, kodwa ukuze bakwazi ukumqonda uJesu Kristu phakathi kwethu, iNdodana kaNkulunkulu phakathi kwethu. Sikhuluma kulobubusuku ngalendaba: *Wayesefika uJesu EseBiza*.

4 Manje ngalesisikhathi esikhuluma ngaso, kwakuyisikhathi esidabukisa kakhulu. Uma nake nayifunda indaba empilweni yeNkosi yethu, sithola ukuthi Yayingumngani omkhulu

kulomfana, uLazaru. Waye. . . Emva kokushona kukaJosefa, noma wayesukile wayesezohlala noMarta, uMariya, noLazaru. Futhi babengabangani abakhulu. Babene. . . Wayefana nomelusi kubo, u—umngani wangempela. Futhi baMenzela izinto ezincane ukuba azigqoke, ibhantshi ukuba aligqoke, ngiyakholwa, basho njalo, futhi lalilukwe lonke lingenamthungo. Futhi manje–ke babeMenzele izinto, ngoba babekholelwa kuYe. Kwakungukuthi babe—babekade bekholiwe futhi babekade bekubonile lokho. Babelishiyile isonto, kanjalonjalo, ukuba baMlandele. Naleyo kwakuyinto enkulu ngalolosuku, okungukuthi ngisho nenhlawulo yakho yayingaba ngukufa, uku—ukusuka kulo.

5 Kodwa, uJesu, loMfo owayehambahamba njengoba babesho, ezimbula amasonto abo, futhi esho into embi ngompristi wabo, ka—kanjalonjalo, Waye—Wayenze omkhulu umonakalo kubo, babecabanga. Futhi—futhi ngisho nasekuMvumeni kwakuyoba nguku—kukhishwa emasinagogeni. Futhi manje–ke uma uphumile esontweni, ba—babecabanga ukuthi wawungena—nathuba lokuhlengwa. Uma wawungekho kwelinye leqembu labo lenkolo, njengomFarisi, umSadusi, noma okuthize, kwakungekho–kuhlengwa uma wawungaphandle kwalokho. Futhi uma babenelungelo, izihluthulelo, futhi babengavele bakukhahlele nje uphume uma babefuna. Leso kwakuyisisho sabo uqobo. Akumangalisi uJesu athi, "Nina, ngesiko lenu, nilenze ize iZwi likaNkulunkulu." Niyabo?

6 Futhi manje kuyaphindwa futhi, ngoba sonke siyazi umlando uyaziphinda njalo kaninginingi impela. Futhi kuyadabukisa ukusho, kodwa kwaprofethwa ukuthi kuphinde, futhi sekukwenzile futhi.

Sithola ukuthi uJesu wayenganakwa kangako.

7 Izikhathi eziningi, abantu bafuna ukwehlulela umuntu ongavumelani nabo. Asifanele sikwenze lokho. Singevumelane omunye nomunye, nokho kube ngobungani. Uma bengingevumelane nendoda, futhi ngibe ngisalokhu ngiyithanda futhi ngiyikhulekele, futhi ngingavumelani nayo phezu kwezisekelo zomBhalo, nokukhanyiselwa okungcono, khona–ke angiyikusho lutho kuyo. Ngifuna njalo ukungavumelani nayo, ngobungani, ngoba ngiyayithanda, futhi ngempela a—angifuni ilahleke. Futhi ifanele yenze into efanayo ngami; asifuni ukulahleka. Futhi sifanele sisekele imicabango yethu phezu kwalokho iZwi elikushoyo. IZwi malibe yiQiniso. Hhayi isivumokholo sethu noma lokho imicabango yethu, kodwa lokho Akushoyo; kungabi ukuhumusha komuntu ngokwakhe, lokho nje okwashiwo yiZwi.

8 Ngobuny'ubusuku, ngenza into ethize futhi yayibonakala sengathi yayethuka okungcwele cishe impela, ngikholwa ukuthi kwakusekudleni kwasekuseni kwabefundisi ngokunye

ukusa. Ngabeka uJesu ecaleni. Ngathi, "Njengoba benza nje ngaleyonkathi, benza kanjalo namhlanje." Mhlawumbe bekungakuhle uma ngikuphinda umzuzwana nje, uma sinesikhathi. Manje, ngathi, namhlanje sithola ukuthi . . .

9 Enguqukweni kaLuther, yena, ngesikhathi salokho, wathi abalungileyo bazakuphila ngokukholwa. "Umuntu okholwayo, lowo onaKho." Kodwa sithola abaningi babo bathi babekholwa, futhi babengenaKho.

10 Ngezinsuku zika—zikaJohn Wesley, uma benesibusiso sesibili, babekubiza ngokungcweliswa, ukungcweliswa konke, bathola ukujabula futhi bamemeza. "Wonke umuntu wamemeza, wayenaKho." Kodwa bathola ukuthi babengenaKho. Inqwaba yabo yamemeza, futhi yayingenaKho.

11 Izinsuku zePhentekoste, bathi, "Manje ukubuyiselwa kweziphiwo sekufikile, umbhapathizo kaMoya. Okhuluma ngezilimi, unaKho." Sithola ukuthi abaningi bakhuluma ngezilimi, futhi babengenaKho.

12 Ngakho bathi, "Awu, isithelo sikaMoya, Kwakuyilokho–ke." O, qhabo, hhayi isithelo sikaMoya. Isayense yamaKristu inakho lokho, lapho kal'khuni . . . Uthando luyisithelo sikaMoya. Manje–ke, futhi banothando oluningi kunanoma ubani, futhi baphika ubuNkulunkulu bukaJesu Kristu; baMbiza ngomprofethi nje, indoda ejwayelekile nje. Niyabo? Ngakho lokho akukwenzi.

13 Ake ngibuze lokho umzuzwana nje. Ake sithathe uJesu ecaleni. Futhi uNkulunkulu angithethelele ngalenkulumombiko, emsamo, kodwa ngizophikisana naYe umzuzu, ukunilethela ukuKhanya nje. Niyabo?

14 "Manje nginani bantu lapha kulobubusuku; ngikhuluma kini. Ngangingemuva ngoluny'usuku ngenkathi uJesu waseNazaretha wayesemhlabeni. Ngiza kini, nokuthi sithethe indaba nani ngokuphikisana naloMfo, uJesu waseNazaretha. Manje sonke siyazi ukuthi uNkulunkulu uluthando. IBhayibheli lithi Uyilo. Kulungile, nothando, uMoya u long- . . . ukubekezela, ububele, ukukhuthazela, ubumnene, kanjalonjalo, nothando. Manje ngizothi, ngifuna ukunibuza okuthize. Sizothatha lokho—lokho esikwaziyo, umKristu.

15 "Bukani lompristi wenu omdala. Ukhokho kakhokho kakhokho wakhe wayengumpristi. Wadingeka azalwe kulolozalo lwabaLevi, ukuba abe ngumpristi. Siyathola, manje, akanayo impilo yobunsizwa njengoba bonke abanye benu nenza. Wenzani na? Unikela ngaye uqobo abe ngumhlatshelo, usenhla lapho ukuba atadishe iZwi, iZwi likaNkulunkulu. Wedlula kukho, imini nobusuku, imini nobusuku, ufanele azazi zonke izinhlamvu zakho, onke amazwi asembhalweni ogoqwayo. Uzofanele awazi ngenhliziyo. Yena—yena, into ethize nje ngakho afanele ayazi.

16 "Manje–ke, ngaphandle kwalokho, ngenkathi uyihlo nonyoko eshada, ubani owabahlanganisayo njengendoda nomfazi na? Umpristi wakho omdala omesabayo uNkulunkulu. Kwakungubanilo owayeza kuyihlo ngenkathi esekudingeni futhi wayekade ekwelete imali eplazini lakhe, ababambisi ababezolithatha. Ubani owama ngakuye na? Umpristi wakho omdala onomusa. Ubani owama ngakunyoko ekamelweni lapho ngenkathi ekuzala na? Umpristi omdala onomusa. Ubani oza kuwe uma ugula futhi udinga na? Umpristi wakho omdala onomusa. Kwakungubani owakubusisa futhi wakunikela kuNkulunkulu, futhi wakusoka ngosuku lwesishiyagalombili na? Umpristi wakho omdala onomusa. Ngenkathi ubaba waKho nomama wayesezokwehlukanisa, ubani owababuyisa wabahlanganisa, wababamba bandawonye na? Umpristi wakho omdala onomusa. Uma kunenkathazo kwamakhelwane, ubani okunakekelayo na? Umpristi wakho omdala onomusa. Impela.

17 "Manje lompristi omdala onomusa uyazi ukuthi iBhayibheli lasho ukuthi uNkulunkulu udinga iwundlu lomhlatshelo. Abaningi benu ndoda bangosomabhizinisi, ngakho anizifuyi izimvu, nokho uNkulunkulu udinga imvu. Benza izindawo zokuthengisela enhla lapho, babethengisa izimvu zabo ukuze o—osomabhizinisi bakwazi ukwenyuka bese beyithenga, banikele ngomhlatshelo benzele umphefumulo wabo, uNkulunkulu awudingayo.

18 "Wenzani loMfo osemncane, othiwa uJesu na? Wavelaphi na? Wathi wazalwa, ukuzala kwentombi. Ubani owake wezwa ngento engumbhedo onjengalowo na? Siyamazi uNina waba naYe ngaphambi kokuba yena noJosefa azalwe . . . noma yena noJosefa ashade, Wazalwa. Manje sithola ukuthi Uyi—Uyigama elibi, kwase kuqaleni.

19 "Yiliphi ikhadi lobulunga Analo na? Uma WayenguMuntu omesabayo uNkulunkulu, yiliphi iqembu Ajoyina nalo na? Ngenkathi umpristi wakho etadisha, watadisha, watadisha, watadisha, ukuba azi leloZwi; Ufika ngapha, ediliza lokho asekwakhile. Ungakubiza lokho ngo 'Nkulunkulu'? Impela ngeke.

20 "Manje, ngoluny'usuku, ngenkathi umpristi wakho wayenze leyondawo enhla lapho, i . . . nokwalapho owawungathenga khona umhlatshelo, wenzani lomfo omncane na? Umusa? Washaya, wahlanganisa ezinye izintambo, ezinye . . . ? . . . wayesebuka phandle phezu kwabantu, ngokuthukuthela; wakhahlela lawomatafula agumbuqela, wayesebashaya wabakhipha lapho. Futhi nibiza lokho ngezithelo zikaMoya, ebabuka, ngokuthukuthela na? Futhi, bukani, ephuca umuntu ithuba lakhe lokukhonza uJehova! Usomabhizinisi ufuna ukuMkhonza; akawafuyi amawundlu, futhi waya lapho ukuyolithenga. Wayeseligumbuqela, wayesebakhahlela, futhi wabaxosha wabakhipha."

21 Ubani onesithelo sikaMoya lapho na? Niyabo? Nakho lapho okhona. Niyabo, hhayi isithelo sikaMoya, hhayi ukukhuluma ngezilimi, hhayi ukumemeza.

22 Wena uthi, "Manje–ke, Mfowethu Branham, yini ubufakazi obubonakalayo na? Yini ubufakazi obubonakalayo na?" Ukuqinisekiswa kweZwi ngehora.

23 BabeneBhayibheli. Wayeyilokho impela uJehova athi kuyokwenzeka. Akudingi kuhunyushwa. Kwahumusha lapho. Babelapho–ke abapristi bakho, kwakulapho konke ababenakho, nayo yonke enye into ikahle nje ngemidanti yomsebenzi ngokulandelana kwayo, kodwa nokho behluleka ukubona iZwi. Futhi Walenza lasimama leloZwi lalowonyaka. Lobo ngubufakazi obubonakalayo balowonyaka.

24 ULuther wayenobufakazi obubonakalayo bonyaka wakhe, uWesley ngonyaka wakhe, iPhentekoste lonyaka walo, kodwa thina sikomunye unyaka. Lezozinto zinhle. Kodwa njengengane, inomunwe, iso, nekhala, kodwa emva kwesikhashana izoba yisidalwa esingumuntu. Izoba ngu—ngumntwana osevuthiwe; bese izalwa, ibe nomphefumulo, umzimba, umoya, ingahambahamba.

25 Manje sithola ukuthi, konke lokhu, uJesu wayekumemezelile kwabambalwa nje. Labo nje Ayebamisele ukuPhila, baMbona. Hhayi izixuku ezinkulu; isixuku saKhe sasingethande neze ukuba njengezixuku zikaKayafase. Ngani, uKayafase wayengasibiza sonke isizwe sihlangane. UJesu wabiza nje abambalwa bahlangane. Ababaningi ababeMazi. Izinkulungwane eziphinde kazinkulungwane, ngenkathi Efika emhlabeni. Wadabula emhlabeni, futhi babengazi ngisho nokuthi Wayelapha.

26 Benzenjalo futhi! Uzoza kulabo ababizelwe ekuPhileni. Uyazi ukuthi ubani obizelwe ekuPhileni. Futhi Akazuku. . . Kungumsebenzi waKhe ukunakekela lokho.

27 Manje siyaqaphela ukuthi bese–ke bephuma esontweni, futhi babeMkholiwe. Yonke into iZwi elalikade liyishilo ngaYe, nango Wayelapho.

28 Futhi ngoluny'usuku Washiya ikhaya labo. Ngifuna ukukhuluma ngezinto ezintathu: uJesu wayehambile; ukufa kwakufikile; nawo onke amathemba lalingasekho. Ngifuna ukukhuluma ngalezozinto ezintathu imizuzu embalwa nje.

29 UJesu wayehambile. Futhi ngenkathi Ehamba, kungena inkathazo. Manje uma Ekushiya, noma ikhaya lakho lapho ohlala khona, inkathazo isendleleni yayo. USathane usenomnyango ovulekile uma kusuka uJesu.

30 Wayemukile, futhi—futhi wathi Angakwenza nje, khona–ke ukufa kwangena. Futhi uma uJesu ephuma, ukufa kuyangena.

Ukwehlukaniswa naYe kungukufa, ngakho ukufa kuyangena ngenkathi uJesu ephuma.

31 Nokufa kwakulibale noLazaru. Kwase kuthi–ke Lo ababemkholwa futhi bemthanda, babethumele kuYe ukuba eze azokhulekela uLazaru, ngoba babeMbonile futhi bazi ukuthi Wayemazi uNkulunkulu, ukuthi noma yini uNkulunkulu... UMarta wakuzwakalisa emuva lapho, "Noma yini Oyisho kuNkulunkulu manje, uNkulunkulu uzokwenza." Waqonda ukuthi Yena noNkulunkulu wayemunye. WayeyiZwi lehora, ngakho wakuqonda lokho. Futhi wazi, uma wayeke waze wathola ukuxhumana naYe, kodwa Wayesehambile futhi abakwazanga ukuMthola. Base bethumela kuYe, futhi, esikhundleni sokuba Yena eze, Wahamba waqhubekela phambili. Kwase kuthi–ke bathumela futhi, futhi, esikhundleni sokuba Yena eze, Wahamba waqhubekela phambili.

32 Ngezinye izikhathi siyamangala ukuthi kungani lezozinto zenzeka, kodwa umBhalo awukusho yini lokho, "Konke kusebenzelana kube ngokuhle kubo abathanda uNkulunkulu"? Uyakwazi Akwenzayo. Uma Elibala, lokho kulungile. Uyakwazi Akwenzayo. Kwakunenhloso.

33 Sithola ukuthi Wathi, kuJohane oNgcwele 5:19, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza."

34 Uyise wayeMtshelile ukuba amuke, nokumuka izinsuku eziningi kangaka. Emva kokuba izinsuku sezifeziwe, khona–ke Washo Akusho ngaleyonkathi, ukuthi, "Umngani wethu uLazaru ulele."

Wayesethi, "Awu, wenza kahle."

35 Wathi, "Ufile. Futhi ngenxa yenu Ngiyajabula ukuthi beNgingekho lapho." Isizathu, babekade bezama ukuMthola ukuba aye kuye, ukuba amphilise noma amtshele ukuthi kwakufanele kwenziweni. Kodwa Wayazi ukuthi yini eyayifanele yenziwe, ngakho wayenze khona impela nje Ayemiselwe ukuba akwenze: ukuba angayi. Umqaphela ethuneni ngesikhathi Ebuya. Wakuzwakalisa lokho Ngenkathi Ebuya wayesethola lelikhaya.

36 Onke amathemba lalingasekho. ULazaru wayefile. Onke amahora, babelokhu becabanga, "Angahle afike enkundleni. Angahle afike enkundleni. Angahle abuye." Ekugcineni, wafa, umphefumulo wamshiya.

37 Baphuma, bamgqumisa, bekhipha igazi emzimbeni wakhe, bamsonga ngelineni, amakha, base bemgqumisa base bemlalisa ethuneni, babeka idwala phezu kwethuna, okwakuyisiko labo lokubammbela ngalezozinsuku. Imbobo emhlabathini, mhlawumbe nje edwaleni, bese bebeka idwala phezu kwalo, lelo kwakuyisiko labo.

38 Usuku lokuqala lwedlula, usuku lwesibili lwedlula, usuku lwesithathu lwedlula, usuku lwesine lwedlula, indoda yase ivele isibola ethuneni. Ikhala lakhe cishe lase lishone phakathi. Lokho, ngicabanga ukuthi yileyonto yokuqala eshona phakathi, yikhala. Futhi wayesevele esebolile. Inyama yakhe—yakhe yayisibuyele othulini, lomhlabathi, noma ibuyela emuva. Umphefumulo wakhe wawusohambweni lwezinsuku ezine ndawondawo, ukusuka kuye.

39 Onke amathemba okuba ake aphinde abonwe, kulempilo, lalingasekho. Futhi manje–ke ngenkathi onke amathemba lingasekho. . . Babelindile, "Mhlawumbe uma Ezofika ngosuku lokuqala, usuku lwesibili!" Qhabo. Wayesefa–ke, futhi Wayengafikanga. Kwase–ke kungena intshisekelo.

40 Emva kwesikhashana kwabakhona umuntu ongahle ukuba wamtshela, "UMfundisi ungaphandle." Nakhu kwehla uMarta ngomgwaqo!

41 UJesu wangena ngalelohora elimnyama ngenkathi onke amathemba lalingasekho. Lokho ngokuvamile kungenkathi Esefika. Niyabo? Ufika nje ngalesosikhathi esimnyama kunazo zonke, bese–ke uJesu ebonakala enkundleni.

42 Manje bhekisisani, Uyafika wayesebiza uMarta. UBukhona baKhe baletha amathemba amasha. Akunandaba noma ngabe umfana wayefile, nokho uBukhona baKhe buletha amathemba amasha.

43 Ungahle ukuba uhlezi lapha kulobubusuku, mngani wami, lapho odokotela esekudele khona, unomdlavuza, inkathazo yenhliziyo. Mhlawumbe usesihlalweni, ukhubazekile. Yonke isayense isithe akukho-themba ngawe; inzika yesakhamzimba ikhalsiyamu ye—yenze amathambo akho—akho—akho aba yiqhubu, ukuthi awusakwazi ukuwagobisa. Noma, kumbe inhliziyo yakho—yakho imbi kabi, udokotela uthi ungahle uhambe noma ngamuphi umzuzu. O, nezigejane ezinkulu zabantu ezinomdlavuza neTB, mhlawumbe ithemba lokugcina onalo, futhi kubonakala sengathi udokotela usekwenqabile. Nokho, eBukhoneni nasekuqondeni uBukhona bukaJesu Kristu, kubuyisa amathemba futhi.

44 Omuny'umuntu angaze ngisho akwethe igama kuwe. Mhlawumbe awukaze uzwe ngakho ngaphambili, kodwa ake umuntu athi, "Ngiyazi lapho kunebandla khona, bayakholelwa kuNkulunkulu futhi bakhulekela abagulayo," ngokushesha manje (usulungele ukufa), niyabo, amathemba amasha evumbuka. Njalo kuyakwenza. Ngalelohora elimnyama, lokho ngokuvamile kungenkathi omuny'umuntu esho into ethize ngakho, akutshele ngoJesu. UBukhona baKhe baletha amathemba amasha.

45 Kwangathi Bungenza into efanayo kulobubusuku, njenogba Benzile izolo ebusuku, uma sibona leloZwi

eliqinisekisiwe ngaleya kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza, elibonakalisiwe futhi lafakazelwa; ukuthi lowoJesu owaphila eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, owafa eKalvari, wavuka ngosuku lwesithathu, futhi wabonakala kulabo bafundi wayesevula amehlo abo, wayesenza lesisithembiso sosuku, ukhona lapha kulobubusuku ebukhoneni bethu manje. Libophezelekile ukuletha amathemba kubantu. Amathemba amasha ayabaneka.

46 Mhlawumbe omunye wathi, "Ibandla belithe ukoma isikhashana. Besingenawo amanzi asemasha i—i—izinyanga ezimbalwa. Besingenayo imvuselelo. Kubukeka sengathi wonke umuntu ungomi ndawonye, noma enye into ethize. Siya esontweni nje bese sicula ihubo, futhi—futhi sizwe imilayezo embalwa bese sibuyela emuva." Kodwa khona manjalo, manje–ke, uma siqala ukuthi some, khona–ke uJesu uyafika enkundleni, asihlumelelise, asinike enye into entsha. Uhlala njalo elapho ukuba enze lokho. Amathemba amasha liyafika uma—uma uJesu engena. UBukhona baKhe buletha ithemba elisha.

47 Wayazi ukuthi WayeyileloZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe. Wayewubonile lowonyaka. Noma, uma wayengakwenzanga, wayeyobe eyilokhu eyibandla loMthetho. Wayeyobe esalokhu engowesonto. Kodwa wayelibonile lelozwi elithenjisiwe. Wayelibonile leloZwi elibonakaliswe nguYe futhi wayazi ukuthi WayeyileloZwi eliphilayo. Futhi ngenkathi ezwa ngakho, akabanganandaba ukuthi bangaki abamgxekayo, ukuthi yini enye, wathathela waya kuYe nje ngokukhulu ukushesha. Niyabo? Wayazi ukuthi WayeyileloZwi elibonakalisiwe.

48 Akungabazeki kodwa lokho ayekade ekufundile ngendaba kaElija ngosuku lwakhe. Manje, wayeyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe ngalolosuku. Wayengumprofethi, neZwi leNkosi liza kumprofethi. Futhi kwakukhona owesifazane phakathi lapho, owayenengane encane eyayikade iphiwe yena ngesibusiso umprofethi ayekade embusise ngayo, futhi wabanayo ingane.

49 Ngoluny'usuku, cishe ngeleshumi nanye nqo, ufanele ukuthi waba nokuguliswa yilanga. Wayephandle ensimini noyise, iBhayibheli alisho ukuthi kwakuyilo, lithi kwakungukuguliswa yilanga, kodwa uqala ukukhala, "Ikhanda lami! Ikhanda lami!" Cishe ngeleshumi nanye emini. Futhi wayenenceku, uyise wayenayo, ukuba imyise endlini. Walala emathangeni kanina cishe kwaze kwaba semini, waya ngokugula kakhulu ngokugula kakhulu, futhi ekugcineni wafa.

50 Futhi manje, esikhundleni sokulahia ithemba, bonke omakhelwane bayangena bedazuluka futhi beqhubeka. Kodwa lowomama ongaxhamazeli, ingane yakhe yayifile, wayenyusela kulelokamelo elincane ayelihlinzekele umprofethi,

wayeseyilalisa phezu kombhede wakhe, kanjalo. Wayesethi encekwini, “Ngibophelele umnyuzi, bese ugibela uqonde ngqo, futhi ungami ngaphandle uma ngikutshela ukuba ukwenze.” O, he! Yilokho–ke!

51 Asinaso isikhathi sokuphikisana nokuqophisana. Lokhu sekulwedlule lolosuku. Asiqhubeke. Sifanele sifinyelele lapho. Sinesidingo.

52 Futhi ngakho wathi, “Uhambe njalo, futhi ungami ekuhambeni ngaphandle uma ngikuyala ukuba wenze njalo.” Futhi bahamba baze bafika kuElija.

53 UElija, ngokuba yindoda kaNkulunkulu, hhayi njengoKristu; uKristu wayazi izinto zonke, ngoba WayenguNkulunkulu. UElija wayeyingxenye kaNkulunkulu. Lowo kwakunguKristu kuElija. Nalowo kwakungumlayezo wehora, ngokuba iZwi leNkosi lalelohora lalinalowomprofethi.

54 UJesu wayengukugcwala kwabo bonke labobaprofethi, bonke kuphela babonakalisa Yena. Yilokho kuphela. Kusuka le kuJosefa, kusukela ezinhlamvini zesiliva ezingamashumi amathathu, ndawo zonke, Wa—Wayefanekisa uKristu. Wenzenjalo noMose!

55 UDavide, ehlezi njengenkosi elahliwe phezu kwegquma, ekhala izinyembezi ngoba wayelahliwe. Iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili emva kwalokho, iNdodana kaDavide yahlala egqumeni. Lowo kwakunguMoya kaKristu kuDavide lapho. Futhi U. . .He! Wayeyikho kokubili iMpande neNzalo kaDavide. Futhi ngakho Wahlala phezu kwegquma, ekhala izinyembezi, njengeNkosi elahliwe, “Jerusalema, Jerusalema, beNgifisa kangakanani ukukufukamela, njengesikhukhukazi sifukamela amazinyane aso.” Kwakuyini na? KwakunguKristu emuva lapho.

56 KwakunguKristu ekhala ngenkathi uDavide ebhala ihubo, “Nkulunkulu waMi, Ungishiyeleni. Onke amathambo aMi, bayaNgigqolozela. Babhobozile izinyawo zaMi nezandla zaMi. Babelana ngezingubo zaMi. Benza inkatho ngesambatho saMi.” Lowo kwakunguKristu ekhuluma kuDavide. Kunjalo. Wayengukubonakaliswa kweZwi. UKristu ufikela ukugcwalisa lezozinto ezazikade zikhulunywe ngabaprofethi, ngoba iZwi lalinabaprofethi.

57 Usho lokho esifundweni izolo ebusuku, ukuthi Ufikela ukugcwalisa lokho abaprofethi ababekushilo ngaYe, ngoba babeneZwi. NoElija wayengumprofethi kaNkulunkulu, iZwi lalolosuku.

58 Ngakho owesifazane waseShunemi wahlala nalowomprofethi aze afike futhi wabonakalisa amandla kaNkulunkulu, wayesezilalisa phezu kwengane, nengane iyaphila.

59 Manje uMarta ufanele ukuthi wakuqonda lokhu, nakuba wayekade ematasatasa enakekela indlu, ukugeza izitsha, kanjalonjalo. Kodwa lapho wakhombisa ubunjalo bakhe. Wakukhombisa ngempela okwakukuye. Wahamba ukuyoMlanda masinyane. Uma uNkulunkulu wayekuElija, uNkulunkulu wayefanele abe kuKristu, ngoba Wayekade efakazisile ukuthi WayeyilowoMuntu. Amen. Ngiyakuthanda lokho, lokho kuphikelela! Uya kuYe. Wadingeka afike kuYe. Futhi uyathola lapho, lapho efika kuYe—kuYe; manje khumbulani, wazi ukuthi Wayengakaze aguquke, ukuthi uNkulunkulu akaluguquli neze uhlelo lwaKhe. Uma WayekuElija futhi wayekwazi ukuvusa abafileyo, WayekuKristu futhi wayekwazi ukuvusa abafileyo, nakuba Wayengakakwenzi, ngoba nguNkulunkulu ofanayo.

60 Kanjalo Akakaze aguquke namanje! Unguye impela nje uNkulunkulu kulobubusuku njengoba Wayelokhu enjalo. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Akaguquki.

61 Futhi Wayazi ukuthi wayazi ukuthi kwakukuYe. Bhekisisani, emizuzwini embalwa nje, kwaku fakazisa ngenkathi esho into ethize kuYe ngomnewabo, wayesethi, "Nkosi, ngi—ngiyakholwa ukuthi Ukhona."

62 Wayesethi, "NgingukuVuka nokuPhila. Nakuba efa, wophila. Nophila akholwe yiMi akasoze afa naphakade. NGIKHONA." Lowo nguNGIKHONA owayesesihlahleni esivuthayo, noMose. "NgingukuVuka. NgingukuPhila. Ngangiludonga. Ngiselokhu Nginguye. NgingukuVuka nokuPhila. Okholwa yiMi, nakuba efile, wophila. Ophila akholwe yiMi, akasoze afa naphakade." Emva kwalesisiqiniseko esikhulu ayenaso, ukuthi WayeyiZwi elithenjisiwe; ngenkathi Esho, engumProfethi, Wayengenakuqamba amanga; ngakho-ke Yena, ngenkathi Ethi, "Nginguye Enginguye. Ngingu Ye ongukuVuka nokuPhila."

63 Wathi, "Ngiyakholwa ukuthi UnguYe, iNdodana kaNkulunkulu ebizakuza ezweni. Nakuba umnewethu efile, elele phandle lapho ethuneni, uyi . . . mzimba wakhe usuyabola manje; kodwa ngisho nakalokhu, noma yini Oyishoyo, izofezeka." Kunjalo!

64 Ayekufuna kuphela kwakungukuMuzwa ekusho! Amen. O, Marta, sikuphi kulobubusuku na? "Khuluma iZwi nje; inceku yami izakuphila!" UMuzwe ekusho nje! Bangahle ukuba beza bamtshela ukuthi Wakusho, kodwa nangu Wayekhona uqobo lwaKhe. O Nkulunkulu, vula amehlo aphuphuthekile, ukuze akwazi ukubona! Uma Yena, eBukhoneni baKhe, ekhuluma iZwi, njalo liyabonakaliswa.

65 Wathi, "Nokuba yini okucela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzakuKunika khona. Mangizwe!" Wayefuna ukuba Asho iZwi. Yilokho kuphela ayefuna ukukuzwa. Thola iZwi nje, yilokho kuphela ayekudinga, kwakungukuMuzwa ethi Uzokwenza.

66 Futhi Wayezokwenza ngayo leyonkathi, kodwa, niyabo, ngombono uYise ayeMbonise wona, Wayefanele ame ngasethuneni. O, he! Bambani ukukholwa kwenu! UNkulunkulu usebenza yonke into kahle. Izoba kahle. Lindani nje aze afike ethuneni.

67 Qaphelani, wayengaMthola ukuba akusho nje, ngisho noma ngabe wayesa. . .Onke amathemba engasekho, yonke into. Wayesefile, ebola ethuneni, kodwa nje ukuMuzwa ekusho, yilokho kuphela ayekufuna.

68 Manje ngenkathi Ethi, "NgingukuVuka nokuPhila," wakukholwa. Wakukholwa. Manje qaphelani, manje wayedingeka akukholwe ngokungenakwenzeka, ngenkathi eMuzwa ethi, "NgingukuVuka nokuPhila. Nakuba efa, wophila, nophila akholwe yiMi akasoze afa naphakade." Wathi, "Uyakukholwa lokhu na?"

69 Wayesethi, "Yebo, Nkosi, ngiyakukholwa. Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu ebizakuza ezweni." Ngiyakuthanda lokho. Ngiyakuthanda lokho.

70 Ngikushilo lokhu ngaphambili. Kungahle kume futhi manje. Bengikhuluma nowesifazane kungekudala, kwakuyibandla elithize engaliphatha esikhashaneni esedlule, ongakholwa ukuthi WayenguNkulunkulu, ubuNkulunkulu baKhe; Wayengumprofethi nje, umuntu ojwayelekile.

71 Wayeyilokho, qiniso. Wayeyilokho, kuhlangene noNkulunkulu. Niyabo, Wayengukubonakaliswa. UJesu ungumzimba, umfana, umuntu; uNkulunkulu wayeyilokho okwakuhlala kuYe. UNkulunkulu wayekuYe. Wayengumuntu-Nkulunkulu. Wayengumuntu, nokho WayenguNkulunkulu obonakaliswe enyameni. Uma sibona uJesu, sibona uNkulunkulu. Yilokho Akusho, "Uma ubona uBaba, ubona Mina, ubona uBaba." Ngoba, Wayengukubonakalisa, ngoba WayeyiZwi, amen, elalisekuqaleni. Amen.

72 Wabiza abaprofethi ngo, "Nkulunkulu." Niyakwazi lokho na? Wathi, "Nababiza ngo 'Nkulunkulu' eliza kubo iZwi likaNkulunkulu. Ningangilahla kanjani uma Ngithi, 'NgiyiNdodana kaNkulunkulu'?"

73 Isizathu, iZwi elifanayo lathi Uyoba lapho, futhi nanto iZwi libonakaliswa futhi. Futhi noma kunjalo abakukholwanga.

74 Lona wesifazane wathi kimi, "Ngingafakazisa kuwe." Wathi, "Ngiyathanda ukukuzwa ushumayela, kodwa yinye into oyenza kakhulu."

"Awu, yini leyo na?"

Wathi, "Uqhosha kakhulu ngoJesu."

75 Ngathi, "Ngithemba ukuthi yilokho kuphela Amelene ngakho naMi uma Efika." Wayesethi. . .Ngathi, "Ngithemba ukuthi yilokho kuphela Angakwenza, iphutha Angalithola

kimi." Ngathi, "Ukuba nganginezilimi eziyizinkulungwane eziyishumi, ngangingekhulume ngokwenele, o, he, lokho Ayikho!"

Wathi, "Kodwa, wena, uMenza uNkulunkulu."

76 Ngathi, "Wayenguye. Noma, uma Wayengesuye, Wayengumdukisi omkhulu kunabo bonke izwe elake laba nabo."

Wathi, "Wayengumprofethi."

77 Ngathi, "Wayengumprofethi, lelo yiqiniso: uNkulunkulu-mprofethi, ukugcwala kweZwi. Umprofethi wayeneZwi nje liza kuye, yilokho okumenza—okwamenza umprofethi. Kodwa Wayengukugcwala kwaleloZwi."

78 Wayesethi, "Ngingafakazisa kuwe." Wathi, "UMenza onobuNkulunkulu."

Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu."

Wayesethi, "Angebe ngonobuNkulunkulu."

Ngathi, "Kodwa Wayenguye."

Wathi, "Uthe wawulikholwa iBhayibheli."

Ngathi, "Ngiyalikholwa."

79 Wathi, "Ngizofakazisa kuwe, ngeBhayibheli lakho uqobo, ukuthi Wayengesuye onobuNkulunkulu."

80 Ngathi, "Kwenze. Uma iBhayibheli lisho njalo, khona–ke ngizokukholwa, ngoba ngikholwa ukuthi iZwi liqinisile."

81 Wathi, "Esendleleni evela ezansi eya ethuneni likaLazaru, uyakukhumbula lokho kuJohane oNgcwele 11 na?"

Ngathi, "Impela ngiyakholwa, medemu."

82 Wathi, "Awu, manje, esendleleni eya ezansi, Wakhala. IBhayibheli lathi 'Wakhala izinyembezi.'"

Ngathi, "Impela, iBhayibheli lathi Wakhala izinyembezi."

Wathi, "Wayengaba kanjani ngonobuNkulunkulu futhi akhale izinyembezi na?"

Ngathi, "Wayengumuntu."

"Umuntu nobuNkulunkulu na?"

83 Ngathi, "Yebo, nenekazi. Uyehluleka ukubona. Wayengu—ngumuntu ehamba ngapho, ekhala nalabo ababekhala, kunjalo, edabuka nalabo ababedabukile. WayenguMuntu. Kodwa ngenkathi Eqondisa owaKhe omncane, umzimba oyintengentenge, wayesethi, 'Lazaru, phuma,' nomuntu owayesefe izinsuku ezine, wama ngezinyawo zakhe. Lokho kwathatha okungaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu kuMuntu." Ubani ongavusa abafileyo, ngaphandle kukaNkulunkulu na? UngukuVuka nokuPhila! Kunjalo.

84 Ngalobo busuku phandle olwandle, ngenkathi Ephandle lapho, ekhathele, elele kwingemuva lesikebhe, lapho

amademoni ayizinkulungwane eziyishumi efunga ukuthi ayezoMgwilizisa ngalobobusuku, nalesosikebhe esidadlana sihamba sipaquza njengesivimbo sebhodlela phandle lapho olwandle olunesiphepho. Lawomademoni acabanga, "SesiMtholile manje. Ulele; sizosicwilisa sonke isigejane." O, WayenguMuntu, ekhathele, kodwa wathi ukuba avuke, Wama ngoinyawo lwaKhe phezu kwentambo yokubamba isikebhe, wayesebuka phezulu wayesethi, "Thula, uthi du," nemimoya evunguzayo namagagasi kwaMlalela. Lowo wayedlula umuntu.

85 Wayengumuntu ngenkathi Elambile. Wehla evela entabeni, efuna ucezu lwesinkwa noma into azoyidla, noma ikhiwane esihlahleni. Kodwa ngenkathi Ethatha amabheskidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, lowo kwakunguNkulunkulu kulowoMuntu. Kunjalo.

86 O, wonke umuntu oke wafinyelela egqumeni likabhontshisi wakukholwa lokho, zonke izimbongi ezakukholwa lokho. Akumangalisi eyodwa yabhala:

> Ephila Uyangithanda; futhi efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
> Evuka, Walungisisa phakade;
> Ngoluny'usuku Uyeza, O usuku oluyinkazimulo!

87 UEddie Perronet, ngenkathi amaculo akhe engathengiswa. Ngoluny'usuku, ebhadazela phansi komfutho kaMoya oNgcwele, wadumela ipeni, wabhala iculo lokugcotshwa, ngenkathi ebhala:

> Bayede mandla eGama likaJesu!
> IziNgelosi maziwe zilale phansi;
> Zilethe umqhele wobukhosi,
> ZiMthwese umqhele wokuba yiNkosi yakho konke!

88 Haleluya! Impela, yilokho esikholwa ukuthi Wayeyikho. Yebo, mnumzane.

89 Uzofanele akholwe ngokungenakwenzeka manje, kuya ekucabangeni kwesimodeni kwalolosuku. Ngakho nifanele nikholwe ngokungenakwenzeka, ukuba nibone ukuPhila okusha, ukuba nibone into ethize yenzeka. Kodwa uma Aqonda . . . WaMqonda ukuthi uyiZwi, khona–ke okungenakwenzeka kungenzeka, ngoba Ungumdali, futhi uzoma ngakuyo yonke into Ayisho.

90 "Futhi konke kungenzeka kubo abangakholwa." Lelo yiZwi laKhe. Kodwa okungenakwenzeka kwenziwa kubonakale uma uNkulunkulu ethathwa eZwini laKhe. Yebo, mnumzane. Uma uNkulunkulu ethathwa eZwini laKhe, okungenakwenzeka ku—kuyabonakaliswa. Nxa uNkulunkulu ethi kuzoba khona, khona–ke thathani leloZwi futhi qaphelani ukuthi ini, okungenakwenzeka kuyenzeka. Impela kuyokwenzeka.

91 Kodwa qaphelani, ngisho nakukho konke lokho, wathi, "Nakalokhu, Nkosi, nokuba yini Okucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyakukwenza." Wayazi ukuthi wayeyolithola nje lelozwi ukuba livele kuYe. Yilokho kuphela ayefuna ukukwenza, kwakungukuthola leloZwi. Yebo, kwakuyihora lakhe elimnyama kunawo onke, noJesu uyafika wayesebiza. O, into enje pho abayibona, ukuvuka!

Ake sibuke kwabanye futhi lapho amahora amnyama efika khona.

92 Kwakunomuntu ngesinye isikhathi, ogama linguJobe, omunye wabaprofethi abadala kunabobonke eBhayibhelini. Wayengumuntu omkhulu. Waye—wayeyithandile iNkosi, futhi wenze konke ayazi ukuthi kwenziwa kanjani. Futhi uSathane wafisa ukumsefa, ngakho wathi kuNkulunkulu ngoluny'usuku . . . Ya, uNkulunkulu wathi kuye, njalo, "Kade ukuphi, Sathane na?"

93 Wathi, "O, ngehla ngenyuka futhi nge ngenyukahla nomgwaqo enyuka emhlabeni."

94 Wathi, "Uyiqaphele inceku yaMi uJobe na? Akekho onjengaye emhlabeni. Ungumuntu ophelele."

95 "O," wathi, "impela, Umnika yonke into, umenzela yonke into. Impela, ungumuntu omkhulu. Kodwa ake ngibe naye kanye, ngizoshintsha ukuvumelana. Ngizomenza aKuthuke, ebusweni baKho."

96 Wathi, "Ungeke wakwenza." Lokho ngukwethemba kwaKhe ekholweni. Ngani na? UngoNgenasiphelo. UPhakade. Wazi ukuphela ekugcineni. Wayazi ukuthi uSathane wayengenakukwenza. Ngokuba, UyiZwi, Wayazi ukuthi uJobe wayezokwenzani.

97 Manje, khumbulani, uJobe, wamqhumisa amathumba, wabulala abantwana bakhe, wathatha yonke into ayenayo. Impilo yakhe yayingasekho. Ngisho nabaduduzi bakhe, bafika futhi akukho ababengakwenza kodwa nje ukumbeka icala ngokuba yisoni sangasese. NoJobe omdala wangena endaweni enjalo waze waba nosizi kakhulu.

98 Ufanele ungene osizini, kuqala. Ufanele ufike esikhathini sisekupheleni kwendlela.

99 UJobe wangena ekupheleni kwendlela, ngenkathi ethi, "Maluqalekiswe usuku engazalwa ngalo. Sengathi ilanga lingekhanye ngisho, futhi sengathi inyanga ingekhanye ebusuku, sengathi igama lingebizwe neze." Futhi kulolosizi, manje–ke uJesu wafika. Wabuka phansi, wayesethi, "Ngibona umuntu. Imbali iyafa, futhi ibuye ivuke futhi entwasahlobo. Uma umuthi uvunguza uwe, ubuye umile futhi ngephunga lamanzi." Ubone yonke impilo yezithombo iphila futhi, kodwa wathi, "Umuntu ulala phansi, agqabuke, uphi na?" Nazile ukuthi

wayeseyikhehla. Wathi, "Amadodana akhe eza ukuzomlilela, futhi akakuboni. O, sengathi Ungangifihla endaweni yabafileyo futhi ungigcine endaweni esithekile, kuze kudlule intukuthelo yaKho. Unginqumele isikhathi wangihlelela isikhathi. Saya . . ." Futhi eqhubeka kanjalo, ekhuluma. Wayesekupheleni, kosizi lwakhe, "Kwakuyokwenzekani na? Amaqabunga ayaphila, abuyele emthini, izimbali ziyabuya futhi, yonke enye into iyahluma, kodwa umuntu ulala phansi futhi agqabuke!" Wayesosizini. Wayengazi ukuthi kwakungenzekani kuye, naye ekuleyominyaka yobudala.

100 Ngenkathi enza, wayesefika–ke uJesu. UNkulunkulu wabhekisa ikhanda lakhe ngasesibhakabhakeni, wayesebona uJesu efika ngezinsuku zokugcina.

101 Lobobumnyama obedlula bonke behora ngenkathi umkakhe ethi, "Thuka uNkulunkulu futhi ufe ukufa," nokho wathi, "Sifazane, ukhuluma njengowesifazane oyisiwula. INkosi iphile, futhi iNkosi ithathile, alibongwe iGama leNkosi." Ngisho nomkakhe wamenqaba. Ibandla lakhe lamenqaba. Wonk'umuntu wamenqaba.

102 Ngehora elimnyama, lapho ayengazi khona ukuthi wayeyaphi kusukela lapho, uJesu wafika. Wayesedazuluka kakhulu, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ngezinsuku zokugcina Uyoma phezu komhlaba. Futhi noma izibungu zesikhumba kubhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, engiyakuMbona mina." Ngehora lakhe elimnyama kunawo onke, wayesefika uJesu. Yebo, mnumzane.

103 UMose, ngokuba uMose, ihora elimnyama kunawo onke lizela yena kwaIsrayeli. Wayesemgqeni ngqo womsebenzi awumiselweyo; wahlangana noNkulunkulu enhla lapho esihlahleni, wayesethi, "NGINGUYE ENGINGUYE." Wehla wayeselwa edlula kulo lonke uhlobo lokuzifanisa nomuny'umuntu kukaJane noJambre, bezama ukuzifanisa nomsebenzi wakhe. Konke lokhu, wayeme ngokwethembeka kuNkulunkulu. Kwathi ekugcineni wamthola ukuba akholwe uIsrayeli. Futhi nangu ephuma eGibhithe, enyukela e—ezweni elithenjisiwe, lapho uNkulunkulu athi, "NizoNgikhonza kulentaba." Lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu. UMose wayazi ukuthi wayefanele aye kuleyontaba. Amen. UNkulunkulu washo njalo! Akukho-Faro ongambulala. Akukho-Develi ongambulala. Akukho okungambulala. Uza kuleyontaba. Amen! Haleluya! Ngizizwa ngigcwala ukholo. Uya kuleyontaba.

104 Ngakho thina endleleni yethu eya eNkazimulweni! Ayikho into ezosimisa. Qhabo, mnumzane. UNkulunkulu uzoliqinisekisa iZwi laKhe. Angikhathali ukuthi kwenzekani, Uzokwenza, noma kanjani.

105 Usendleleni yakhe, khona impela endleleni yezinyawo yomsebenzi awumiselweyo. Nangu, ucindezelwe phakathi kwezintaba. Ulalela futhi uzwa ukuduma emva kwakhe. Yini na? Izinqola zempi zikaFaro, ngezinkulungwane, ziza; zihlomile, nemikhonto nezinto, ukuzigibela behle futhi babanyathele phansi. Nanto uLwandle oluBomvu, bamnqume. Wenzani na? Wangena e di-. . .Wangena osizini. Abantu bonke bedazuluka, "O, sisenkingeni yakho manje. UFaro uzosibulala, izinkemba zakhe zizosibhoboza. Izingane zethu zizofela lapha ehlane."

UMose wakhala kakhulu, "O Nkulunkulu!"

106 Wayesefika–ke uJesu enkundleni. WayeyiNsika yoMlilo. Kunjalo. Uyehla Wayeselenga phakathi kwakhe nengozi. Amen. Ungohamba phakathi kwethu. Ungomi phakathi nendawo, amen, umlamuleli. Nango Wayemi, emi lapho; ubumnyama kwabaseGibhithe, labo ababeza ukuba bazame ukwenza okuthize ngakho. Wayengukukhanya kubo, ukuba bahambe ngakho. Kwase kuthi–ke ekuseni ngenkathi imimoya iqala ukuvunguza kanzima impela, lobo busuku, Wayesenzenjani–ke na? Wayefike ngesimo seNsika yoMlilo.

107 Khumbulani, Useyiyo leyoNsika yoMlilo efanayo. Yebo, mnumzane. Ngenkathi Esemhlabeni, Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu."

108 Futhi emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, ukuvuka, nokwenyuka; uPawulu oNgcwele, esendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku, washaywa walahlwa phansi yileyoNsika yoMlilo. Khumbulani, wayengumHeberu. Wayengeke akusho lokhu. . .Wathi, "Nkosi, UnguBani?" Igama elikhulu N-k-o-s-i, Elohim. "UnguBani engimhluphayo na?"

Wathi, "NginguJesu."

109 Amen! Haleluya! UyisiQalo nesiPhetho. Uyikho konke. "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina. Ngiyakuba nani, ngibe kini." INsika yoMlilo efanayo, uNkulunkulu ofanayo enza into efanayo, nesithembiso esifanayo, amen, enza iZwi laKhe libonakale. "NgingukuVuka nokuPhila. NginguYe Owayekhona, Okhona, NoZayo." Yebo, mnumzane. Ya.

"Obaba bethu badla imana ehlane."

110 Wathi, "Bona, bonke, bafile. Kodwa, NGINGUYE ENGINGUYE." UMose. . .Esihlahleni esivuthayo, lowo kwakunguNGIKHONA. Uselokhu enguNGIKHONA, hhayi ukuthi Ngangikhona; NGIKHONA, inkathi yamanje, ngaso sonke isikhathi.

111 Siyathola lapha ukuthi uMose ungemuva phandle kulelikhona, noKristu wayehlile. Manje, neBhayibheli lakusho lokho, ukuthi, "UMose wathi uku—ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyimfuyo enkulu kunengcebo yaseGibhithe." Ukuthukwa

kukaKristu! UKristu kwakuwugcobo, iZwi-mcabango elaphuma kuNkulunkulu. INgelosi, noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyazi ukuthi leyoNgelosi kwakunguKristu. Futhi nango Wayelapho ehlane, Wayesefika enkundleni, ngesimo Ayefanele ukubonakaliswa ekuso. Udumo kuNkulunkulu!

112 Ufika namhlanje ngesimo, uKristu ofanayo, eMbonakalisa.

113 Wabatshela ukuthi Wayezobakhipha. Wayekwenza. Nango Efika ukuba ame ngaseZwini laKhe, ukuLiqinisekisa. Manje–ke emvakokuba esefikile, njengoba Enza kuMarta, Wayesebiza–ke. Wathi, "Mose, ukhalelani kiMi na? Khuluma kulababantu, ukuba niqhubeke." Lelohora elimnyama, uLwandle oluBomvu lwavuleka nge base behamba bewela, ohambweni lwabo ukugcwalisa iZwi likaNkulunkulu. Yebo, ngehora likaMose elimnyama kunawo onke, wayesefika uJesu. Sinesikhathi manje . . . Futhi Wabiza uMose.

114 Sifuna ukuninakisa enye indoda encane. Igama layo lalinguJayiru. Kunabaningi kakhulu babo ezweni namhlanje. Wayeyikholwa langasese. Wayemthanda uJesu. Wayezwile ngaYe. WaMkholwa. Kodwa, niyabo, wayesevele ezijoyinise nenhlangano. Ya. U—u—uvele nje . . . Akakwazanga ukuphuma futhi akuvume. Wayekukholwa, kodwa akakwazanga ukukuvuma, ngakho wayesejoyinane nabangakholwayo. Kodwa ngempela wakukholwa.

115 Niyazi, uma umuntu engena kulesosimo, ngesinye isikhathi uNkulunkulu uMletha kwelamanqamu. Kusosizini uma ngempela siveza ubunjalo bethu, esiyikho ngempela.

116 Ngakho wayelapho, wayesevele ejoyinene nabangakholwayo, futhi wayesevele ewelile futhi wafaka igama lakhe encwadini, nokunye nokunye. Futhi wayengumpristi, futhi ngakho kwaba l'khuni nje ukuba e—enze ukuvuma, ngoba lelo kwakuyithikithi lakhe lokudla. Ngakho, kodwa wayesalokhu emkholwa uJesu.

117 Ngoluny'usuku, intombazane yakhe encane yagula. O, he. Yena, akungabazeki indoda yayicoshe, kanjalo, yayingabiza udokotela. Inyanga iyafika, yamnyanga umntwana. Imfiva yaya ngokuba yimbi ngokuba yimbi. Emva kwesikhashana washisa kakhulu, nayo yonke into, ekugcineni wafika ephuzwini lokufa. Wayesosizini. Wadingeka kubekhona akwenzayo. Yena, wayengazi nje ukuthi uzokwenzenjani. Manje wacabanga, "Uma kuphela bengingaMthola, noma ngabe Ukuphi." Manje akazange alinde kuze kube sebusuku, njengoba kwenza uNikodimu, ukuba abe nengxoxiswano yangasese. Isikhathi sasingesomnyakazo, isikhathi sasefikile somnyakazo futhi ufanele anyakaze ngaleyonkathi.

118 Futhi ngiyacabanga, mfowethu, dadewethu, okufanayo kumanje. Isikhathi sesifikile somnyakazo. Isikhathi sesifikile sokukholwa noma sokungakholwa. Lowomugqa ohlukanisayo

ufika kuwo wonke owesilisa nowesifazane. Ufika kuwo wonke umntwana. Ngezinye izikhathi uma wedlula lowomugqa, yinye kuphela into esele, lokho ngukwehlulelwa, uma wedlula phakathi kwesihawu nokwahlulelwa, uma wedlula lowomugqa.

119 Khumbulani, waba sosizini. Wayengazi ukuthi uzokwenzenjani. Nakho kumi abapristi bakhe, bonke orabi bemi bemzungezile. Inhlanganyelo yayinaye, bonke ezansi lapho, bebukela intombazane yakhe encane ifa. Udokotela emi ngaphandle, esonge izandla zakhe, ehlikihla izandla zakhe, "Nginikeze yonke imithi ebengiyazi, futhi kuselokhu . . ."

120 Niyabo, kwakunguJesu esebenza ngaso sonke isikhathi. UJesu wayenza lokhu ngenhloso, ukuveza umbala walowomfo omncane. Emva kwesikhashana, sengiyambona ehamba eyolanda isigqoko sakhe esincane esimnyama wayesesidlubha, wafaka ibhantshi lakhe elincane lababapristi.

"Uyaphi?"

121 "Ngizwile ukuthi Usezansi emfuleni. NgiyaMlandela!" O, he! Wasuka wahamba!

122 Ngalelohora losizi, wadingeka enze isinqumo: ayekele umntanakhe afe, noma wayazi ukuthi lokho kwakungukubunakaliswa kweZwi. Wayengumpristi, futhi wayelifundile iZwi, futhi wayazi ukuthi lokho kwakungukubonakaliswa kukaNkulunkulu. UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe. Wayekwazi lokho, futhi waphoqeleka kokwasekuqhamukile. Wadingeka enze iphutha, ayekele umntanakhe afe, noma enze ukuvuma kwakhe. Ngenkathi engena kulolosizi, kwase kuthi akube yisikhathi uJesu afika ngaso. Wahamba ukuyoMbona. Wathi, wathi, "Ngizohamba naWe, noma yini Oyishoyo." Futhi washo waphumela emgwaqeni, nakhu kufika isigijimi, into emnyama lapho. Wayenze ukuvuma kwakhe, ukuthi wayeMkholwa. Wayesevele ezahlukanisile nesonto ngaleyonkathi, wayesezifakela amehlo abantu–ke, ukuthi wayeseyikholwa kuJesu.

123 Futhi nakhu kufika isigijimi, sathi, "Ungakhathazi-muntu, ngoba intombazane yakho isivele ifile. Ife izolo. Isivele ifile. Unga, ungabe usadlala ngakho."

124 Futhi, o, inhliziyo yakhe encane yathi ayime. Kodwa wabuka wayesewabona lawomehlo kaJesu, wathi, "Angishongo yini kuWe na? Ungesabi, uma ufuna ukubona intando kaNkulunkulu. Yini oyesabayo na? Sengivele ngikutshelile ukuthi Ngizohamba."

125 Usevele ushilo ukuthi Uzoza. Usevele ushilo ukuthi Uzokwenza lokhu, futhi nangu Uyakwenza. Amen. Wathi Uyovuka enkundleni ngezinsuku zokugcina futhi enze lezizinto njengoba Enza, njengoba sifundile izolo ebusuku futhi saxoxa. Nangu Uyakwenza. Yini eniyesabayo na?

126 Khumbulani, ngenkathi Efika, Wayeseyibiza kwabafileyo. Wafika enkundleni wayeseyibiza kwabafileyo.

UBartimewu oyimpumputhe endala, ngesinye isikhathi, washaya ihora lakhe elimnyama kunawo onke.

127 UJesu wayesezansi lapho, kuhlelwe ukudla kwasekuseni koSomaBhizinisi beFull Gospel ezansi lapho e—eJeriko, futhi WayenoZakewu ezansi lapho. Wayedibane naye esihlahleni, ezansi nomgwaqo. Ngakho ngenkathi Waye... Awu, Wayengahleli noma yini enye, ngiqinisekile. Niyabo? Ngakho manje–ke ngenkathi Efika ezunsi lapho, Wa—Wayenaye, uZakewu wayehambe naYe.

128 UBartimewu oyimpumputhe endala wayekade eyimpumputhe kusukela esengumfana omncane. Ngakho wacabanga ukuthi uJesu wayengahle aphume kulelosango, futhi wayelindile. Emva kwesikhashana wezwa omningi umsindo, futhi wonke umuntu eza edlula.

129 Futhi wezwa umpristi ethi, "Heyi! Heyi, Wena, Wena owenyuka igquma lapho! Ngabe—ngabe—ngabe...Siyezwa ukuthi Uvusa abafileyo. Sinenqwaba yamangcwaba agcwele bona enhla lapha. Uma Uba nguMesiya, uma Uba nguMesiya, yenyukela lapha bese uvusa laba abafileyo."

130 Niyazi, lowodeveli ofanayo usaphila, niyabo, esimweni senkolo, indlela efanayo. Niyabo?

131 "Uma uba nguMesiya, si...Uvusa abafileyo; sinamangcwaba agcwele bona enhla lapha. Woza." Futhi, o, wonk'umuntu edazuluka. Oyedwa empompoloza, "Hosana kumProfethi!" Omunye empompoloza *lokhu, lokho,* noma *okunye*. Ukudideka okunje pho!

132 Lempumputhe endala yacabanga, "O, ngiMgejile. Uphuma ezansi lapho, futhi bengicabanga ukuthi Uzoza lapha. Bengibekwe endaweni engesiyo." Yayisidazuluka. Yacabanga, "Uma EyiZwi, UnguNkulunkulu; Uzofanele abe yilo." Ngakho, "O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!" Ngalelohora losizi, yamemeza.

133 Manje uJesu, uma nizokumaka lapha, wayeseJeriko. Lapho abathi yayihlezi khona, yayingamafidi ayikhulu namashumi amahlanu ukusuka lapho uJesu ayekhona. Nezinkulungwane zabantu ziphuthuma ziMzungeza, Wayengenakukuzwa ukukhala kwaleyondoda. Qhabo. Kodwa Wakuzwa ngokuthinteka. Wama.

134 Ngifuna ukushumayela, ngobunye balobubusuku: "UJesu wayesema–ke." O! "Wayesema–ke uJesu." O!

135 Kodwa ngenkathi uJesu ema, kwakuyini na? Wayibiza. "UMfundisi usefikile. Ungakhathazeki," kwasho abafundi, "Uyakubiza. Uyakubiza." Wambiza kulesosixuku.

Wenza into efanayo manje. Ngabe kuyazika na? Niyabo?

136 "UMfundisi usefikile futhi ukubizile." Futhi Ubiza e—ebumpumputheni kuya ekukhanyeni, kusuka ebumnyameni kuya ekukhanyeni. Futhi Wayibiza, yedlula ekufeni yaya ekuPhileni. "UMfundisi usefikile futhi Uyakubiza." Futhi ngenkathi Eyibiza, Uyinika ukuba ibuye ibone.

137 Owesifazane omncane enomopho, ngesinye isikhathi, phezulu egqumeni, wayechithe yonke imali yakhe, ngodokotela. Yena akungabazeki wayethengise i—isipani. Babethengise i—iplazi, wayebambise ngalo. Babechithe konke ababengakuchitha ezinyangeni, akukho nayinye eyamsiza. Wayelokhu njalonjalo eya ngokuba mubi ngokuba mubi. Igazi lalinganqamuki. Njalonjalo, kwahamba kuqhubeka kuqhubeka, waya ngokujula ngokujula.

138 Futhi ngoluny'suku, esahlezi lapho enitha, phezulu egqumeni ukusuka lapho ayakhe khona, wabuka ezansi esigodini, wayesebona isikebhe singena. Wonke umuntu uqala ukugijima, "Hosana kumProfethi!"

139 Wayezwile ngaYe. Ukukholwa kuvela ngokuzwa. Manje wathi, "Ngizokwehla futhi ngithole ukuMbuka."

140 Futhi ngenkathi ehamba ngezinyawo ehlela lapho, futhi kuqala wathola ukubuka iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa enyameni, kwakunento ethize ngokuxoxa kwaKhe nokubuka kwaKhe, azi ukuthi lowo kwakunguYe. Yebo, mnumzane. "O, uma kuphela bengingaheha ukunaka kwaKhe ngandlela thize, uma kuphela bengingaMthinta ngeny'indlela!" Wayesethi nyelele edabula esixukwini wayesethinta ingubo yaKhe.

141 Manje khumbulani, kwakungesiwo umunwe wakhe Awuzwayo. Qhabo, mnumzane, ngoba ingubo yasePalastine iyantaza. Futhi U . . .

Wayesethi uPetru, "Wonke umuntu uKuthintile."

142 Wathi, "Kodwa lokhu ngukuthinta okwehlukile. Ngiyabona ukuthi Ngiphele amandla."

143 UJesu wayesefikile. Imali yakhe yayingasekho, yonke into yayingasekho; kodwa kulelohora elimnyama ngenkathi umopho unganqamuki, nodokotela abakwazanga ukuwunqamula, uJesu uyafika. Futhi Wenzani na? Wambiza. Waqalaza waze Wamthola, Wayesethi, "Ubunomopho, kodwa usunqamukile."

144 "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." "UMfundisi usefikile futhi Uyakubiza. Usefikile futhi Wabiza." Wambiza wabuyela empilweni.

145 Owesifazane omncane emthonjeni, esikhulume ngaye izolo ebusuku, onke amathemba lalingasekho. Mhlampe, mhlawumbe indoda yakhe yesihlanu yayimshiyile, futhi nje wavele wathatha eyesithupha ngalobo busuku, futhi wa—wayesekungabazeni okuncane ngayo. Ngokwesimilo, wayengasekho. Wayefuna

ukuba yinenekazi langempela, yena, akungabazeki, wayekade efunda iBhayibheli.

146 Futhi wayehamba ngapho, enyuka cishe ngeleshumi nanye nqo. Wayengenakuza kusesekuseni ngenkathi kuza abesifazane abalungileyo. Futhi bathwala amanzi abo ekhanda labo, nojeke, base behla bebuyela emuva. Futhi ngakho wayengenakuza, axubane nabo. Bona, babenokubandlululana kwalokho ngalolosuku, abalungile nabangalungile babengaxubani ndawonye. Abangenasimilo babehlala endaweni yabo, ngakho wayengenakuza nabo bonke abanye. Babengamvumeli eze. Ngakho emva kokuba wonk'umuntu sebethole amanzi abo base bebuyela emuva . . . Uzela okuNgcono.

147 Futhi manje–ke wenyukela lapho nalembiza ekhanda lakhe, akungabazeki wayelokhu ehamba, ecabanga, "Manje, indoda engiyishadile, engiyibambe izolo ebusuku, ngiyayingabaza. Iyindoda, iziphatha ngokuyinqaba. A—angazi ngayo. Anginalo ithuba. Ngingolahliwe emphakathini. Futhi angikwazi ukuya kulawomasonto, awa . . . Awuwabheke nje! Angazi ukuthi ngizokwenzenjani. Ngisosizini. Futhi kade ngifunda iBhayibheli, impela, ngoluny'usuku, lowomProfethi uyofika enkundleni. Manje ngiyazi basho ukuthi ayikho into enjalo, futhi, 'lokhu kunjalo mhlawumbe kusasele ikhulu leminyaka, nenkulungwane yeminyaka esasele. Kade sikubhekile izinkulungwane zeminyaka, futhi akukaze kwenzeke namanje, ngakho asikubhekile manje. Yonke into injalo. O, qhabo, sinamasonto nezinto. Asifuni lutho olunjalo manje.'" Ngakho manje–ke wayehamba ngapho, ecabanga.

148 Niyazi, uma ucabanga ngaYe, kungaleyonkathi Abonakala ngayo kuwe. Njengoba sibenakho izolo ebusuku, ngenkathi babesendleleni yabo ebheke e Emawuse.

149 Ngenkathi ecabanga ngalezozinto, wezwa iNdoda ithi, "Ngiphuzise."

150 Kuthiwani ngakho na? Ebumnyameni bakhe obedlula bonke bamahora, ngenkathi ukuziphatha kwakhe kwakungasekho. Mhlawumbe eyinenekazi elincane elihle, lalikhishelwe emgwaqeni ukuba liphile lokho. Ngezinye izikhathi akusilo iphutha lentombazane encane, yiphutha labazalo bayo, ukuyidedela iphume kanjalo. Futhi nango wayelapho, mhlawumbe izinwele zakhe ezisongene zonke zilenga; wayenciphile, ehamba ngapho, ekhathazekile, futhi kungekhomuntu owayenokuzihlanganisa naye, umntwana, futhi mhlawumbe indaba enkulu emva kwakho.

151 Empeleni, ngazi into eyodwa, wayelifundile iBhayibheli, futhi wayelikholwa iBhayibheli. Futhi kwakukhona imbewu encane ilele phansi enhliziyweni yakhe, ithi, "Uma kuke kuze kwenzeke, ngizokwazi." Wayemiselwe ngaphambili kulokho.

152 Bukani lowoJuda omdala emi lapho futhi eziphatha njengoba enza. Kwakumnyama phansi kwiphansi lenhliziyo yakhe. UkuKhanya kwakukhanya phezulu lapha emisebenzini yakhe, kodwa phansi enhliziyweni yakhe wayengaLikholwa. Futhi nangu wayelapha . . . Niyabo, ukuKhanya akukwazanga ukwehlela kulokho. Kodwa nangu wayelapha, wakholwa, waLikholwa, kodwa impilo yakhe yayimnyama bhuqe; ngenkathi ukukhanya kushaya, Kwakhipha ubumnyama. Kodwa ngenkathi ukuKhanya kushaya phezulu lapha, Kwakwenza-mnyama ndawo zonke. Yilowo umehluko.

153 Niyabo, wayezalelwe leyonhloso. Yena, wathi, ngesikhathi Emtshela ukuthi wayenamadoda amangaki, wa . . . Kwenzekani na? Wathola khona manjalo konke ukuxhuxhuma njengakho. Wangena osizini. Wathi, "Nkosi, Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Ngiyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uyokwenza lezizinto."

154 Wayesembiza–ke. Wayesembiza–ke. "NginguYe, Okhuluma nawe." Wakuqonda ngeZwi likaNkulunkulu. Wambiza ezonweni zakhe, waya ekuPhileni. Negama lakhe liseBhayibhelini, futhi unokuPhila okungafi namhlanje.

155 Angakubiza ngendlela efanayo, ngoba Nguyena izolo, namuhla, naphakade. I . . .

156 Ya, ukuziphatha kwakhe kwase kungasekho, kodwa noma kunjalo wazi ukuthi Wayenalokho kubona okufihlakeleyo. Wayazi ukuthi lowo kwakufanele kube nguMesiya. Manje–ke ngenkathi uJesu ethi, "NginguYe, NginguYe," wayazi ukuthi lokho kwakuyikho.

157 Ngesinye isikhathi abafundi wayephandle besesikebheni, onke amathemba lalingasekho. Iziphepho, babehambe ngaphandle kukaJesu, neziphepho sasinjengoba nje—nje sasinjalo endlini kaLazaru. Onke amathemba lalingasekho. Isikebhe esidadlana sasigcwale amanzi. Futhi babedazuluka futhi bekhala, futhi mhlawumbe bekhuleka futhi beqhubeka, nombani ubaneka, nesikebhe sagcwala swi amanzi, amapali amaphizela awa, izigwedlo zephuka, futhi babebambene, bekhala.

158 Nakulelo elimnyama kunawo onke lehora, wayesefika uJesu ehamba ngapho. Kodwa Wayebukeka njengesithunzi kubo. Wayebukeka esabeka, njengethongo, base bekhala kakhulu ngokwesaba.

159 Yileyo indaba namhlanje. UJesu ufika ngehora lehora lakho elimnyama, futhi wena uyaLesaba. AwuLazi ukuthi Liyini.

160 Babengazi ukuthi Wayeyini. Bathi, "O, yithongo!" Babedazuluka.

161 Wayesebabiza–ke, wathi, "Ningesabi, yiMina." Ngelimnyama kunawo onke lehora, uJesu uyafika, usizo lwabo.

Yileyondlela Enza ngayo njalo, ufika ngelimnyama kunawo onke lehora. Wayesefika uJesu Wayesezibonakalisa, futhi ufika kubo.

UPetru wathi, "Uma kunguWe, yala ukuba ngize phezu kwamanzi."

UJesu wathi, "Woza."

162 Niyazi ukuthini, bangani? Masinya Uzofikela labo ngalolu izinsuku zokugcina. Manje, akusiso yini isimanga ukuthi ibandla selifike kulelihora elimnyama futhi na?

163 Ngizosho into ethize lapha. Akusiyo imfundiso. Ngiyaprofetha nje. Niyazi ukuthi kwenzekeni na? Kuzofika endaweni, masinya, makani izwi lami, ukuthi onke amahlelo azoba nokujoyina uMkhandlu weNkolo yobukristu. Uma engakwenzi, angeke abe nokuxhaswa nguMkhandlu. Ngakho–ke, kuyoba nokuduba, futhi akukho-muntu ongaya kulamabandla, noma aye kunoma yimaphi amabandla; ngaphandle uma unophawu oluvela ebandleni lakho uqobo, ungeke uthenge noma uthengise. Nikubona njengoba kwakunjalo nje, kuzoba njalo futhi, uphawu kuso isilo. Nebandla, bayakuqonda lokho, abantu bakamoya.

164 Nani bantu bePentecostal, empeleni, niyakuqonda. Seniqala ukukuzwa. Uma amabandla enu, eziningi zezinhlangano zePentecostal; futhi angidingi ukuba nginibize ngamagama enu, kodwa niyazi khona manje anjalo, angena kukho. Asevele efakazile ukuthi ayeyikho. Futhi uma nenza lokho, nizodingeka nenzenjani na? Nizodinga nilahlekelwe amalungelo okufundisa kwenu kobuVangeli kombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Nizodingeka nilahlekelwe amalungelo enu emfundiso yeBhayibheli.

165 Namalunga alizukukumela. AmaKristu angempela azelwe ngokusha azofa, kuqala. Azalwa yiZwi. Ayazi ukuthi lento iyeza. Yebo, mnumzane.

166 Futhi akusiso isimanga na? Futhi kulo leli elimnyama kunawo onke lehora, bese efika uJesu bese ebabiza, wathi, "Ningesabi. YiMina. Ngisenani. Ngilapha ukubonakalisa iZwi laMi." Njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, Unjalo namanje. Wathi Uyokwenza lokho. O, he! UMfundisi ukhona futhi usibizile.

167 Abantu abaningi abagulayo lapha, akungabazeki, ukuthi bahlezi lapha, nodokotela ukutshele ukuthi akusekho— akusekho-themba ngawe. Ungahle ukuba ukwelimnyama kunawo onke lehora, kodwa, khumbula, uMfundisi ukhona futhi ukubizile.

168 Futhi ngoluny'usuku, ngoluny'usuku, uMfundisi uzofika futhi abize onke amagama alotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Uma awenu engekho lapho, lifake lapho

manje, ngokuba Uzofika bese ebiza. Ngisho nalabo abasethuneni bayakulizwa iPhimbo laKhe futhi baphumele ekuPhileni. UMfundisi uzofika futhi anibize. Futhi Esabiza namhlanje, phendulani futhi nenze amalungiselelo aloloSuku, ngukuniluleka kwami.

169 Isithembiso salonyaka, Wethembisa ukuthi Uyoba lapha. Izinto Azenzayo, Uyozenza futhi, futhi manje futhi uMfundisi usefikile futhi uyanibiza.

170 Asikhothamise amakhanda ethu. Ngisenamanye amakhasi cishe ayisithupha lapha, kodwa a—angikwazi ukufika kulokho manje. Asikhothamise amakhanda ethu. Ngithembise ukunikhipha kuse eli, futhi sekuvele kungukwataphasi.

171 Baba waseZulwini, O, Nkosi, makwenzeke futhi. Zonke lezizinto engizishilo, "UJesu ufikile futhi uyanibiza." Wenzani uma Efika na? Uyabiza. Futhi makwenzeke futhi, Nkosi. UMoya waKho oNgcwele mawuze phakathi kwabantu kulobubusuku, iNkosi uJesu esimweni sika—sikaMoya. Makeze kulobubusuku futhi Azembule, bese kuthi–ke Azibonakalise. Njengalabobantu, ukuthi bakholwa kanjani, sizokholwa, futhi, Nkosi. Kunabaningi lapha, mhlawumbe, ongakaze abe nalelithuba. Sikhulekela ukuthi Uzobapha khona futhi kulobubusuku. Ngokuba sikucelela inkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu. Amen.

172 Nakho–ke, dade, kodwa nje qhubeka nalokho. Lokho kuhle. Qhubeka nje ngqo. O, nithule ngempela, wonk'umuntu.

173 Niyakholwa ukuthi Usefikile na? Usefikile. Ngabe Usabiza uma Efika na? Manje uma nje nizokholwa kuphela. Uma nje nizolikholwa iZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu uzonipha khona.

174 Manje bukani, anginaso isikhathi sokubizela umugqa womkhuleko phezulu lapha. Ngizobabiza kulobubusuku, phandle lapho, uma iNkosi ithanda. UMfundisi usefikile. Usefikele ukugcwalisa iZwi laKhe ngosuku lokugcina. Futhi Ayeyikho ngaleyonkathi, Uyikho namhlanje. Ukubonakaliswa noma inkomba yaKhe ayeyiyo ngaleyonkathi, yiyo namhlanje, ngoba Usalokhu eyiZwi likaNkulunkulu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NeZwi likaNkulunkulu lingelehlulela imicabango, izizindlo zenhliziyo. Futhi indlela Enza ngayo ngaleyonkathi, yindlela Abenza ngayo njalo. Usafana. Uma Ubengenza lokho khona manje, beningaMkholwa na? Bekunganenza niMkholwe na?

175 Ninabantu enilaphaya manje, ake ngibuke kuqala futhi ngibone ukuthi ngabe ukhona yini umuntu engimaziyo, ehlezi nomaphi phakathi lapha, engimaziyo.

176 Wonke ozungezile, phezulu phakathi *lapha*, ongangazi, phakamisani izandla zenu; enaziyo ukuthi angazi lutho ngani, futhi niyagula, phakamisani izandla zenu. Ngiqagele,

wonk'umuntu. Kulungile, manje, kholwani. Kholwani nje ngayo yonke inhliziyo yenu. Ningangabazi. Yibani nokukholwa. Kholwani uNkulunkulu.

177 Ngizonicela ukuba nithule ngempela, nihlale phansi. Ningalokhu nihambe nixokozela manje, ngisizeni ningakwenzi. Niyabo? Niyabo? Ningu—ngumphefumulo, umzimba, nomoya. Nomoya wenu . . . NoMoya oNgcwele ukhophoza ngempela.

178 Bangaki okhumbulayo, eminyakeni eminingi eyedlula, ukuthi uMoya oNgcwele, ngenkathi ngiphumela lapha ngase nginitshela na? Ngenkathi ngibamba abantu ngesandla, Wangitshela ukuthi lokhu ukubona okufihlakele kuyofika, bese kuqhubeka na? Niyakukhumbula, niyakukhumbula lokho na? Kodwa Wathi, "Uma ungathola abantu ukuba bakukholwe." Niyazikhumbula lezozinsuku, eminyakeni eminingi eyedlula na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nifanele nikholwe.

179 Ngibone indoda, ngikholwa ukuthi yayihlezi phansi lapha komunye umhlangano, ihlezi khona lapho. NoMoya oNgcwele . . . Ngangikade ngiyibhekisisa ngenkathi ngishumayela. Yayiyindoda ekhubazekile. Yayinezinduku zokuqhugela izigodlile. Futhi ngenkathi nje ngiqala ukubizela ealtare, uSathane ufika endodeni, ithunzi elimnyama. Futhi ngakubhekisisa ngawami amehlo. Yasukuma yase iphuma. Iyohlala njalo ikhubazekile, niyabo. Futhi ngakho, yona, lapho eyayizophiliswa khona khona lapho ukuba nje—nje . . . Niyabo? Kodwa, nje, angazi ukuthi kungani. Ngiqagele yalalela isitha nje. Kodwa uma benizoma futhi nibhekisise lawomathunzi, nibone lezozinto zisezimweni, indlela eziyizo, futhi uzibhekisise ukuthi zenza kanjani. Niyabo, kwakuyoba njalo.

180 Manje, ngeke ngikwazi ukuphilisa. Umuntu okutshela ukuthi angakuphilisa, unephutha. Usuvele uphilisiwe. Kodwa, ngukuqonda uBukhona bukaJesu Kristu. Manje uma uMarta azi ukuthi uma wayengaphinda aMbone, ukuthi wayengasithola isifiso sakhe, ngoba WayeyiZwi elibonakalisiweyo, singekukholwe okungako kulobubusuku, ukukholwa na? impela, besifanele. Usefikile. Usefikile, Usefikile ngesimo sikaMoya oNgcwele. UyiLowo–ke. Manje khulekani nje.

181 Niyabona, phezulu lapha, ukuba benginomuntu omi lapha, khona lapha eduze kwami, nje—nje ekhuleka, ngibone abantu abaningi kangaka bekhuleka, kukuyo yonke indlu. Nizofanele nikubhekisise nje. Ningeke nathi. "Awusho, Mfowethu Branham . . ." Qhabo, mnumzane. Ngeke nga—ngakwenza, njengoba nje ungeke wangiphuphela iphupho. Niyabo? Ungahle uphuphe. Wena, uNkulunkulu angahle akuphuphise iphupho ngami, uyakukholwa lokho, kodwa ungeke wazenzela lona ngesingawe. Ungeke washo, ukuthi, "Mfowethu Branham, ngizokuphuphela iphupho manje." Qhabo, ungeke wakwenza

lokho. Kanjalo nami ngingeke ngabona umbono. Noma ngabe ubani okunika iphupho, nguye ozokwenza. Indlela efanayo okungayo ngombono.

182 Ngibona indoda ihlezi khona lapha ekupheleni komugqa, inesifo samathambo. Uma izokholwa ngayo yonke inhliziyo yayo, uNkulunkulu uzoyiphilisa esifweni samathambo. Uyakholwa ukuthi Uzokwenza, mnumzane na? Ihlezi phandle lapho, iNdoda yaseMexico, ihlezi ekupheleni komugqa, uzokukholwa na? Kulungile, mnumzane.

183 Inenekazi lihlezi eceleni kwakho, nalo linesifo samathambo, futhi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa, nenekazi na? (Ngabe *lokhu* kunomsindo owawazayo na? Ngiyesaba sengathi abantu abakuzwa.) Uzokwenza? Kulungile.

184 Kanjani ngaleli elinye inenekazi elincane laseMexico lihlezi eduze kwalo na? Liphethwe yinkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphilisa isisu sakho, nenekazi na?

185 Linakho. Ngenkathi ngibona lokho kuKhanya kwehla, lokho kusho ukuthi kwenzekile. Ya. Yilokho. Kulishayile. BeKulapho, kuyaluza ngqo kuzungeza . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . lokho kuyakwenza. Niyabo? Uma Engathola ukukholwa! Niyabo, "Izinto eziningi Wayengezenze ngenxa yokungakholwa kwabo."

186 Nanti inenekazi lihlezi lapha liyakhuleka, khona lapha. Lishaywa uvalo. Lifanele. Linesimo sokuba nomdlavuza, kubi kakhulu. Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ngalomdlavuza, noma okunye okuthize na? Ngibuke. Kunabaningi kakhulu lapho abakhulekayo, niyabo, yilokho engikusholo khona. Sibukeni. Manje, yebo, awusuye owalapha, leli akusilo ikhaya lakho. Uvela endaweni ebizwa ngokuthi iPorterville, eCalifornia. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Uyazi. Igama lakho ungu Nkk. Wintham. Kunjalo. Manje kholwa, futhi umdlavuza uzokuyeka. Uma ungakholwa! Yilokho kuphela uNkulunkulu akucela ukuba ukwenze. Uma ungakholwa!

187 Awukukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yakho na? Omunye kulesisigaba phakathi la*pha*, ungekholwe na? UMfundisi usefikile futhi ukubizile. Uyakubiza kusuka ekufeni kuya ekuPhileni, kusuka ekuguleni kuya ekuphileni.

188 Nansi indoda ihlezi emuva lapha ngqo, ikhanda libheke phansi, ikhuleka. Empeleni ayizikhulekeli yona, ikhuleka mayelana nomunye umuntu. Yi—yintombazana. Indodakazi yayo. Uyakholwa, mnumzane na? Unenkathazo ngemilenze yakho. Unenkathazo ngedolo lakho. Kunjalo. Asikho isidingo sokukhala izinyembezi, uYe lowo lapho eduze kwakho. Indodakazi yakho isesibhedlela, ayikho na? Isimo sesifo sofuba. Uyakholwa. Uyakholwa na? UMfundisi usefikile

futhi uyayibiza. Uzokukholwa ukuthi uzoyithola iphilile ngokuphelele namhlanje na? Uzokholwa na? Kwangathi Angayivakashela kulobubusuku, nawe, kwangathi kungedlula.

189 Nangu umfana omncane, omncanyana umfana onobuso obunsundu. Uphethwe yisifo sesikhumba, nesifuba somoya, umfanyana waseMexico, umfana waseMexico ehlezi lapho. Akasuye owalapha. Ungowase San Jose. Uyakholwa, ndodana na? Enye into, ubaba wakho ulapha nawe. Ungumfundisi. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani igama lakho na? Bekungakwenza ukholwe ngokuqine ngempela na? Igama lakho unguReuben. Manje kholwa. Kulungile.

190 UMfundisi ukhona futhi Uyakubiza. O, soni, o, muntu ogulayo, awumboni uMfundisi ebonakaliswa ezidalweni ezingabantu, phakathi kwamakholwa na? Usefikile ukubizela abantwana baKhe abakholwayo ekuphileni. Usefikile ukubizela isoni ekuphendukeni. Mhlubuki, lunga lebandla, uMfundisi usefikile futhi uyakubiza.

191 Uyakukholwa na? Uyakukholelwa isidingo sakho khona manje na? Uma ukholwa, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikholelwa isidingo sami." Khona–ke phakama ngezinyawo zakho manje futhi ukwemukele. UMfundisi usefikile futhi uyakubiza. Futhi noma ungubani, noma ngabe sidingo sini onaso, uMfundisi ufikile futhi Uyakubiza. Unguyena izolo, namuhla, naphakade.

192 Lowo omncane besifazane wangena emzini, futhi wathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele ukuthi yini ebingalungile." Awungenanga emzini. Woza futhi ukubonile, wena uqobo, ngakho uMfundisi ufikile futhi uyakubiza.

193 Phakamisani izandla zenu futhi niMdumise, futhi uthi, "Nkosi Jesu, ngiyisoni; ngithethelele. Ngingumhlubuki; ngibuyisele emuva, Nkosi. Ngidinga uMoya oNgcwele; ngigcwalise. Ngiyagula; ngiphilise. Ngikhubazekile; ngenze ngisinde." UMfundisi ufikile futhi uyakubiza. Phakamisani izandla zenu manje futhi niMnike udumo. Amen.

194 Sinike indlela encane lapha, "NgiyoMdumisa, ngiyoMdumisa." Niyazi, "NgoMdumisa." Niyakwazi lokho, anikwazi na? Niyakholwa na?

> NgoMdumisa, ngoMdumisa,
> O, dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
> Mnikeni inkazimulo, nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe lihlanze lasusa lonke ibala.

195 NiyaMthanda na? Manje anithandi ukuMculela Eselapha na? UnguMoya uhamba uzungeza udabula endlini. Uyazazi izinhliziyo zenu, wazi konke ngani. AsiMculele lona, ngayo yonke inhliziyo yethu.

NgoMdumisa, (phakamisani izandla zenu ngenkathi nikwenza), Ngi . . . (manje Mdumiseni nje) . . . Mdumiseni,
O, dumisani iWundlu ngokuhlatselwa isoni;
O, Mnikeni inkazimulo, nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi lakhe lihlaze lasusa lonke ibala.

196 O, nenekazi, wena osesihlalweni esinamasondo, uma nje uzokholwa kakhudlwanyana khona lapho. "Ngi . . . " Asikuzame kanye futhi. Ngilinde okuthize.

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
O, dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni inkazimulo, nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lihlanze lasusa lonke ibala.

197 Manje sisacula lelo futhi, phendukani, ubambe isandla somunye umuntu, sisalicula, culani, "NgoMdumisa." Wozani, kanye kanye manje.

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni inkazimulo, nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lihlanze lasusa lonke ibala.

198 O, mngani oyisoni, ungenyukele lapha manje na? Yenyuka futhi niMnike udumo, nonke nina bantu. Nonke nina bantu ofuna ukuMvuma njengoMsindisi. EBukhoneni baKhe, abangcwele besakhonza ngoMoya, ungeze lapha futhi ume na? Uthi, "Ngifuna ukufakaza, kulobubusuku. Ngifuna ukuMnika udumo. Ngifuna ukuza. Anginamahloni ngaYe. Ngifuna izwe lazi ukuthi ngiyaMemukela njengoMsindisi wami, khona lapha Esekhona." Wozani sisalicula.

NgoMdumisa, (ningeze na?) ngoMdumisa,
O, dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
O, Mnikeni inkazimulo, nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lihlanze lasusa lonke ibala.

199 O, yilokho, nenekazi, woza ngqo. Ubani omunye ozoza, eBukhoneni bukaKristu na? Yenyukela lapha ngqo, dade, yima lapha.

200 Omunye umuntu oMfuna abe nguMsindisi wakho, khona manje, engenamahloni. Wathi, "Uma unamahloni ngaMi phambi komuntu, Ngiyoba namahloni ngawe phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele." Uma ungenamahloni ngaYe manje, futhi ufuna Yena njengoMsindisi wakho, Esekhona lapha! UMbonile. Kuphelele kakhulu, iZwi qobo lwaKhe Likwenza kwaziwe. Yenyuka abangcwele besakhonza manje. Ningenyuke na?

201 UNkulunkulu akubisise, mnumzane. Nakhu kuza inenekazi elidala, liza onyakeni wangempela. Ungeze manje na?

> Ngo . . . (liculeni manje) . . . Ngodumisa . . .

202 Kunjalo, abantu abasha, wozani ngqo nizungeze. Dumisani nje. UNkulunkulu akubusise, nenekazi, yileyondlela yokukwenza. UNkulunkulu anibusise, bancinyana.

> . . . ngokuhlatshelwa izoni;
> Mnikeni inkazimulo, nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe lihlanze lasusa lonke ibala.

203 Abafundisi besaya kulababantu manje omunye angeze na? Mhlubuki, uzoza, uthi, "Nginamahloni ngempilo yami"? NaNgu. Niyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Phakamisani izandla zenu. Ngani, uJesu Kristu uphakathi kwethu. Ningeze na?

> Mnikeni inkazimulo . . . (Ningeze, niMnike udumo na?) . . . bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe lihlanze lasusa . . .

204 Marta, uyeza, noma uzohlala endlini noMariya na? Uzosala enhlanganweni ethize, futhi uthi, "O, isonto lami aLikukholwa ngalendlela," ngenkathi uKristu enziwa abonakaliswe na? Uzohlala emuva futhi usho lokho, noma uyaphuma na? "Awu, ngizonitshela, uma ngi . . ." Qhabo. Namhlanje, leli yihora. Ukufa kuyalenga kukuzungezile, njengendodakazi kaJayiru.

205 Woza manje! Mhlubuki, woza manje. Soni, woza manje. Lesi yisikhathi. UMfundisi ufikile futhi Uyakubiza. Uyakubiza. Wena uthi, "Ngazi kanjani na?" Usebenzisa iphimbo lami. Uma Esebenzisa iphimbo lami ukusho ukugula, izinhlungu nezinto, awazi ukuthi futhi Ubiza isono. Phuma! Woza manje, leli kungahle kube yithuba lokugcina oyoke ube nalo.

206 Kanye futhi, kunabaningi phakathi lapha ofanele eze, bangani. Angifuni ukuniphoxa, ukunibiza kanje. Lokho akulungile. Uma ngesinye isikhathi uzo mhlawumbe . . . Bona abaFarisi bacabanga ukuthi babesindisiwe, kodwa babengasindisiwe. Ucabanga into efanayo. Woza manje.

207 Qiniseka! Unga, ungathathi nje ithuba eliphakathi nendawo kukho. Uma kukhona ukungabaza okuncane emqondweni wakho, ungathathi thuba. Woza manje. Manje isikhathi, manje uMthombo usavuliwe, uMoya oNgcwele uselapha. UMfundisi ufikile. Lokho kungabaza okuncane, yilokho Azama ukukutshela khona, "Uyangabaza." Kuyeke. Woza, manje. UMfundisi ufikile futhi uyakubiza. Kunjalo, yibani nilokhu niza, yibani nilokhu niza ngqo.

NgoMdumisa, ngoMdumisa, (Ningeze niMnike udumo na?)
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni inkazimulo, nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lihlanze lasusa lonke ibala.

208 Manje izoni ziseza, ukuMbiza; abantu abaMnike udumo, njengoba silicula manje. Phezulu ngezandla zenu, culani, futhi hiMdumise, sonke kanyekanye.

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshwelwa izoni!

209 Mnikeni udumo nje! Nina bantu ngokuzungeza lapha, khulekani, Mceleni ukuba anithethelele. Yilokho Azokwenza. UMfundisi ufikile futhi uyanibiza. UNkulunkulu anibusise.

